

# Ukuhlonishwa Kwezindaba Zomuntu Nezinto Zakhe —Wena Ubungenze Njani?



## ISIKHATHI SOKUBA WEDWA

### INDABA YANGEMPELA

“Ngezinye izikhathi ngifuna ukuba ngedwa ngizixazululele izinkinga zami. Kodwa odadewethu abadala bangiphathisa okwengane, bafuna ukwazi yonke into! Hhayi ngoba kukhona engikufihlayo, kodwa ngisuke ngingasiboni isidingo sokuxoxa ngezinkinga zami!”  
—U-Allison.

Ucabanga ukuthi kungani odadewabo ka-Allison bangase bafune ukumphathisa okwengane?

---

---

---

Yini angase ayenze u-Allison ukuze enze odadewabo baqaphele ukuthi ufisa ukuba yedwa?

---

---

---

Uma wena ububhekene nesimo esifana nesika-Allison, ubungenze njani?

---

---

---



## IKAMELO LAKHO

### INDABA YANGEMPELA

“Uma izinto zingangihambelanga kahle ngalolo suku, ngiye ngifise ukuba ngedwa. Kuhle khona ukuba nabazali abakhathalelayo, kodwa ngezinye izikhathi bavele bathi gulukudu ekamelweni lami lapho ngifisa ukuba ngedwa!”  
—URyan.

Ucabanga ukuthi abazali bakaRyan bakhathazekile ngaye?

---



---



---

Uma kunjalo, yini uRyan okungenzeka uyayenza (noma angayenzi) eyenza abazali bakhe bakhathazeke nakakhulu?

---



---



---

Uma wena ububhekene nesimo esifana nesikaRyan, yini obungayenza ukuze abazali bakho bakwethembe?


---



---



---



## UCINGO LWAKHO

### INDABA YANGEMPELA

“Noma nini lapho uma-  
ma ebona ucingo lwami  
phansi, uvele afunde  
imiyalezo ekulo.  
Wake wavimba ngisho  
nemiyalezo yomunye  
wabangane bami aye-  
cabanga ukuthi babe-  
ngelona ithonya elihle  
kimi.”—UNadine.

Ucabanga ukuthi unina kaNadine ukhathazekile ngaye?

---

---

---

Uma kunjalo, yini uNadine okungenzeka uyayenza (noma angayenzi) eyenza unina akhathazeke nakakhulu?

---

---

---

Uma wena ububhekene nesimo esifana nesikaNadine, yini obungayenza ukuze umzali wakho akwethembe?

---

---

---